Umphakathi ungaba neqhaza elikhulu ekulweni nezifo

EZEMPILO: DKT NHLKANIPHO GUMEDE

NAMHLANJE ngithanda sibheke ukuthi ngabe yiliphi iqhaza umphakathi ongaba nalo ekulweni nezifo ukuze abantu bahlale bephilile.

Ngo-1978 amazwe omhlaba ahlangana engqungqutheleni eyayise-Geneva, eSwitzerland, okwavunyelwana kuyo ngokuthi iPrimary Health Care iyona ndlela ezokwenza isiqiniseko sokuthi abantu emhlabeni bakwazi ukuhlomula ngokuhlinzekwa ngezidingo zezempilo eziseqophelweni eliphezulu.

Le ndlela yokuhlinzekwa kwezidingo zezempilo iqhakambisa ukuthi abantu bazibambele bona ma-thupha, banakekele impilo yabo.

Kule ngqungquthela kwabhungwa nangokuthi kusho ukuthini ukuthi umuntu uphile saka. Kwavunyelwana ngokuthi umuntu ophile saka yilowo ophilile emzimbeni, engqondweni, ngokwenhlalakahle kanye nasemoyeni hhayi nje kuphela umuntu ongenazo izifo.

Abanye bakuveza ukuthi ungahlala ungenazo izifo emzimbeni kodwa uma ngabe emoyeni ungaphilile lokhu kungaba nomthelela empilweni yakho, ngakho-ke sisuke sizokuveza ukuthi usuke ungaphilile saka. Ziningi izinto ezingathinta impilo yakho - izinkinga zezimali nje zingayithinta impilo yomuntu.

KUFANELE abesilisa bavikele abantu besifazane ngokuqinisekisa ukuba basebenzisa izivikeli njengejazi lomkhwenyana, nabo abantu besifazane kumele bazivikele, baqikelele ukuthi abayi ocansini olungaphephile.
ISITHOMBE NGABE:PINTEREST

IQHAZA LOMPHAKATHI

Kubalulekile ukuba umphakathi ubambe iqhaza ekunakekelweni kwempilo. Akusizi ukuba sibheke abezempilo emitholampilo ukuba basinakekele kodwa thina sibe singazivikeli ezifeni.

Iningi imali esetshenziswa ekwelashweni kwezifo engabe isetshenziselwa ukuphucula impilo yabantu. Kumele abantu, ikakhulukazi intsha, bathande imizimba yabo, bangayibeki engcupheni yokuhlaselwa yizifo.

Kubuhlungu ukubona abantu abasha bebhuqwa yizifo, bese kudingeka uhulumeni usebenzise imali eningi ekwelapheni izifo esingazigwema.

Uma ubheka imali esisetshenzisiwe ukulwa nesandulela nguculaza nengculaza uqobo lapha kwelika-Mthaniya iningi kakhulu.

Mningi umsebenzi osuwenziwe wumnyango wezempilo ekulweni nalezi zifo, sekushoda nje ukuba umphakathi ubambe iqhaza lawo.

Kufanele thina madoda sivikele abantu besifazane ngokuba sisebenzise izivikeli njengejazi lomkhwenyana, nabo abantu besifazane kumele bazivikele, baqikelele ukuthi abayi ocansini olungaphephile.

Ngisebensiza isibonelo ngesandulela nguculazi ngoba mningi umonakalo osuwenziwe yileli gciwane. Kodwa okubaluleke kunakho konke ukuthi isikhathi esiningi leli gciwane lingagwemeka. Ungalindeli ukuthi kuze kube umnyango wezempilo okuphoqayo ukuba usebenzise ijazi lomkhwenyana. Impilo ingeyakho, zibambele yona ngezandla zakho.

Uma singaba yingxenye yokulwa nezifo, ikakhulukazi lezi ezithathenalayo singenza umehluko omkhulu empilweni yethu.

Uma ngabe uzothatha isinqumo sokuthi

BANGAPHEZU kuka-80% abantu abasabonana nabalaphi bendabuko ngaphambi kokuba bavakashele kwezinye izikhungo zezempilo.
ISITHOMBE: YINGOLOBANE YELANGA

njengoba uyintombazane usafunda futhi use-ngaphansi kweminyaka ewu-18 usuzoqala uzibandakanye ezindabeni zocansi bamba nakhu: yenza isiqiniseko sokuthi uyazivikela, uphinde futhi wenze isiqiniseko sokuthi uyahlela ukuze ungamtholi umntwana kungakabi yisikhathi.

Lapha eNingizimu Afrika bani-ngi abantu abashonayo bekhulelwe, abanye baze bakhishwe ngisho isibeletho beseneminyaka engaphansi kuka-18 ngenxa yokuthi abasekho esimeni sokuba bakhulelwe,

Uma kwawena usewumntwana usadinga ukunakekelwa futhi umzimba wakho usuke ungakakulungeli ukuthwala umntwana.

KUDINGEKA UBAMBISWANO

Umnyango wezempilo uwodwa ngeke ukwazi ukulwa nezifo. Kuyaphoqa ukuba kusetshenziswane. Uhlelo lukahulumeni i-Operation Sukuqiniseko sokuthu yonke iminyango kahulumeni iyasebenzisana. Lokhu kusebenzisana kungaphucula impilo yabantu, kuphinde futhi kuqinisekise ukuthi abantu baphila isikhathi eside.

Ngithanda ukwenza isibonelo ngalokhu engiqeda kukuveza: Uma ngabe kufika umuntu ogulayo emtholampilo enezimpawu zesifo sofuba, kutholakale ukuthi nangempela unesifo sofuba, kungawusiza ngani umnyango ukuba umqalise amaphilisi ube ungakayi ukuyobheka ukuthi isimo sasekhaya sinjani.

Siyazi ukuthi iningi labantu badla imbuya ngothi, ngesinye isikhathi bahlala endlini eyodwa, uthole ukuthi bevile ngisho ku-8, akuphefumuleki.

Uma kukhona oyedwa nje ongaba nesifo sofuba kulelo khaya wonke umuntu uzotheleleka. Noma lowo muntu enganikezwa amaphilisi kodwa siyobe singakwazanga ukuphucula impilo yakhe uma ngabe sizomshiya kuleso simo.

Kuleso simo kuyobe sekudingeka ukuba kungenelele neminye iminyango kahulumeni ethintekayo, kulekelelwe lowo mndeni. Lokhu kukodwa kungasiza ekubeni uma onesifo eseqala amaphilisi angabatheleli abanye, kanjalo nempilo yakhe ibe ngcono.

Noma ngubani oyilunga lomphakathi uneqhaza okumele alibambe ekwelekeleleni umnyango wezempilo ukuba ukwazi ukufeza izethembiso ezenziwa ngaphansi kohlelo iSustainable Development Goals.

MAYELANA NEMITHI YESINTU

Njengoba sikuNcwaba (August) kuyoba yiphutha uma singakhulumanga ngokwelapha ngendlela yesintu.

Ucwaningo olwenziwe luveza ngokusobala ukuthi iningi labantu baseNingizimu Afrika basakholelwa kakhulu ekusebenziseni imith yesintu.

Bangaphezu kuka-80% abantu abasabonana nabalaphi bendabuko ngaphambi kokuba bavakashel kwezinye izikhungo zezempilo. Ukusetshenziswa kwemithi yesint kuhambisana kakhulu nosiko lwethu, ikakhulukazi indlu emnyama.

Kubonakala sengathi umehluko mkhulu wona ngoba umnyango we zempilo usebenzisana kakhulu na balaphi bendabuko. Lobu budlelwane sebenze ukuba abelaphi be ndabuko nabo bakwazi ukubona izimpawu zesifo sofuba (TB) bese bengathi sizoyelapha kepha babh le ipheshana bathumele isiguli sabo emtholampilo ukuba sihlolw Lokhu nje kukodwa sekusindise impilo yabantu abaningi.

Kanti-ke kubalulekile ukuba ng kuveze futhi ngiqwashise ngokuth le mithi esentshenziswa ngabelaphi bendabuko nayo ingawenza umonakalo emzimbeni womuntu, ikakhulukazi esibindini noma ezinsweni.

Lokhu kuyenzeka futhi nakule mithi yesilungu, yasentshonalang Kumele siqaphele kakhulukazi lapho sinikeza khona abantwana im thi. Ngesinye isikhathi singathi siyasiza kanti sandisa umonakalo. Futhi kufanele siqaphele abelaph bendabuko mbumbulu, abazenzel inzuzo ngabantu.

Kuhle nje ngikuveze ukuthi lun ngi ucwaningo olwenziwayo ngem thi yesintu, olukhombisa ukuthi iyabasebenzela abantu. Kunemith yesintu esetshenziswa lapha e-Afr ka, ephinde isetshenziswe nasezwenikazi i-Asia.

• Khumbula: Lapha sinikezela ngolwazi ngezempilo. Asithathi indawo yomtholampilo noma udokotela. Siyaqwashis nje kuphela, bese sikhu haza ukuba ubonane nodokotela wakho uma ngabe kukhona okusolayo.

Uma ngabe udinga ulwazi ngezinye izifo ungaxhumana ngokungi bhalela uthumele kwi-email ethi: admin@drgu-